basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## FEBRUWARI/MASHI 2015

## IMEMORANDAMU

**AMAMAKI: 100**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-11.**

**QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniswe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho okuqukethwe, ulimi & isitayela, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

**AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50]**

| Okungabonwa ngakho | | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE & UHLAKA**<br><br>(Izimpendulo kanye nemibono)<br>Ukuhlela imibono uyihlelela uhlaka<br>Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI ANGAMA-30** | **Ingxenye engenhla** | **28–30** | **22–24** | **16–18** | **10–12** | **4–6** |
| | | -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile<br>-Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo yakheke kahle<br>-Imibono eshaya emhlolweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo eyanelisayo<br>-Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlolweni<br>-Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo ikhombisa ukungahlangani<br>-Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela<br>-Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana | -Impendulo enhlanhlathayo<br>-Imibono edidayo nenganembi<br>-Akuzwakali kunokuphindaphinda<br>-Akukho ukuhlela kanye nokulandelana |
| | **Ingxenye engezansi** | **25–27** | **19–21** | **13–15** | **7–9** | **0–3** |
| | | -Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo<br>-Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha<br>-Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo yakheke kahle<br>-Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile<br>-Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo enembayo kodwa intula ukucacisa<br>-Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka<br>-Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo engashayi emhlolweni<br>-Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida<br>-Ukuhlela kanye nokulandelana akukho | -Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko<br>-Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene<br>-Akuqondene nesihloko futhi kuphithene |

## AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50] (continued)

| Okungabonwa ngakho | | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA**<br><br>Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo<br>Ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi<br><br>**AMAMAKI AYI-15** | **Ingxenye engenhla** | **14–15** | **11–12** | **8–9** | **5–6** | **0–3** |
| | | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo<br>-Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile<br>-Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle kakhulu | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo<br>-Ithoni ifanelekile<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi<br>-Ithoni nephimbo akugculisi<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe | -Ulimi aluqondakali<br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda |
| | **Ingxenye engezansi** | **13** | **10** | **7** | **4** | |
| | | -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba | -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile<br>-Ithoni iyahambisna futhi ifanelekile<br>-Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle | -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa<br>-Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo | -Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni<br>-Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho<br>-Ulwazimagama olunomkhawulo | |
| **ISAKHIWO**<br><br>Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho<br><br>**AMAMAKI AYISI-5** | | **5** | **4** | **3** | **2** | **0–1** |
| | | -Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo<br>-Ukucacisa okunembayo<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu | -Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba<br>-Ukulandelana<br>-Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile | -Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle<br>-I-eseyi isenawo umqondo | -Amaphuzu ambalwa azwakalayo<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha | -Amaphuzu awatholakali<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-eseyi ayinamqondo |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | | **43–50** | **33–40** | **23–30** | **13–20** | **0–10** |

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**
- Q : Okuqukethwe.
- SK: Isakhiwo.
- L : Ulimi.
- ST: Isitayela
- PT: Amaphutha
- Hl: Uhlaka

**Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa**
SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.
PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.
L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.
// – khombisa isigaba esisha.
NK – inkathi engemukelekile.
'S-I – i-aphostilofi engemukelekile.
GL – amagama awalandelani ngokufanele.
R – irejista.
KM – akwenzi umqondo.
ISIV. – isivumelwano esingavumelani.
AK – akudingekile.
^ – kunegama elingekho.
GN – igama elingcono.
/ –ukwehlukanisa amagama
( ) – ukuhlanganisa amagama

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.

- Umzimba:
  (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  (ii) Zihleleke kahle/umqondo osekelayo.
  (iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.

- Isiphetho:
  (i) Siyisigaba esisodwa.
  (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa /ukweluleka /ukuxolisa.

**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

| | | |
|---|---|---|
| 1.1 **Indlela Engiphila Ngayo Nabangani Bami.**<br>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:<br>• Uhlobo lobudlelwano umfundi anabo nabangani bakhe.<br>• Ukwazana nokuvakashelana.<br>• Usizo nokuphana izipho.<br>• Ukukhombisana uthando.<br>• Ubuhle: ukuzwelana.<br>• Ububi: umona/imingcele.<br><br>Nokunye okuhambisana nesihloko. | 1.2 **Engikuthandayo Ngesifundazwe Sami.**<br>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:<br>• Igama lesiFundazwe<br>• Imvelo nesimo sezulu.<br>• Abantu abaqavile abahlala kusona.<br>• Okwenzekayo okuhle.<br>• Amathuba emsebenzi.<br>• Ezokungcebeleka nezemidlalo.<br>• Izakhiwo eziheha izivakashi/eziwusizo emphakathini.<br><br>Nokunye okuhambisana nesihloko. | 1.3 **Ngilapho ngikhona namhlanje ngenxa yokubekezela.**<br>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:<br>• Ubunzima bempilo ngenxa yokweswela imali.<br>• Ukungabi nabazali.<br>• Ukugula.<br>• Ukucwaswa esikoleni/emphakathini.<br>• Iziteleka zothisha nabasebenzi.<br>• Impatho enzima ezihlotsheni.<br>• Isimo sokukhubazeka.<br><br>Nokunye okuhambisana nesihloko |
| 1.4 **Angeke Ngiphinde Ngikwenze Lokhu Empilweni Yami.**<br>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo :<br>• Yini umfundi angeke aphinde ayenze.<br>• Kwaqala kanjani lokho ayekwenza.<br>• Yini eyenza umfundi angafisi ukwenza lokho ayekwenza.<br>• Umthelela wabangane esenzweni umfundi asenza.<br>• Umphumela.<br>• Ukuzisola.<br><br>Nokunye okuhambisana nesihloko. | 1.5 **Ukuhambela Kwamanye Amazwe Usemncane Kuvula Umqondo.**<br>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:<br>• Ukwazi amazwe.<br>• Ukuvuleka komqondo.<br>• Ukufunda ezinye izilimi namasiko.<br>• Ukwakha abangani abasha.<br>• Amathuba okufunda.<br>• Ukubeka imali.<br>• Amathuba omsebenzi.<br><br>Nokunye okuhambisana nesihloko. | 1.6.1 **Isithombe:**<br>Amaphuzu angathinta okulandelayo:<br>• Igama lomkhumbi.<br>• Kwakunini?<br>• Wawusukaphi uyaphi?<br>• Wawuhamba nobani?<br>• Isizathu sokuthatha uhambo.<br>• Wawuzizwa unjani? (Ukwesaba/ukujabula)<br>• Kwakwenzekani phakathi emkhunjini.<br><br>**QAPHELA**: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi. |
| 1.6.2 **Isithombe:**<br>Amaphuzu angathinta okulandelayo:<br>• Igama lomdlalo.<br>• Udlalwa kuphi?<br>• Udlalwa kanjani?<br>• Iqembu laseNingizimu Afrika.<br>• Abadlali abadumile.<br>• Izinhlobo zemincintiswano.<br>• Ukuqeqesha abantwana abancane.<br>• Izinkampani ezixhasa lolu hlobo lomdlalo. | 1.6.3 **Isithombe:**<br>Amaphuzu angathinta okulandelayo:<br>• Izinkolo ezahlukene.<br>• Izinqubo ezehlukene zamabandla.<br>• Imikhosi eyehlukene egujwa ngamabandla ngokuhlukana kwawo.<br>• Amajoyini agqokwayo.<br>• Iminikelo ekhokhwayo emasontweni.<br>• Indlela entsha yokukhonza.<br>• Iqhaza elabanjwa ngamasonto ngezikhathi zobandlululo. | |

| | | |
|---|---|---|
| **QAPHELA**: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi. | • Ukuhlukumezeka kwamalunga amabandla athile ehlukunyezwa izikhulu zamabandla.<br>Abanye abantwana bangakhetha ukukhuluma:<br>• Ngomngcwabo wesihlobo sabo owawubanjelwe kuleli sonto.<br>• Ngomshado wesihlobo owawubanjelwe kuleli sonto.<br><br>**QAPHELA**: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi. | |

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

## ISIQEPHU: B

## AMARUBHRIKHI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-30]

| Okungabonwa ngakho | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE & NEFOMATHI** | **15–18** | **11–14** | **8–10** | **5–7** | **0–4** |
| Impendulo kanye nemibono<br>Ukuhlela imibono ukuze kube nohlaka<br>Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI AYI-18** | -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile<br>-Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo<br>-Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umbhalo unamathele esihlokweni<br>-Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana<br>-Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile necacile | -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Inamathele esihlokweni<br>-Akunamaphutha<br>-Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanele enamaphushana | -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ayinamathele kahle esihlokweni – inamaphutha ambalwa<br>-Ukulandelana kwemibono, okuqukethwe kufanelekile<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa | -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha<br>-Ukulandelana kwamaphuzu nokuqukethwe kubuye kungabonakali<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi<br>-Kukhona okumbalwa okubalulekile | -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu<br>-Imibono ayilandelani sanhlobo<br>-Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko<br>-Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi |
| **ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA** | **10–12** | **8–9** | **6–7** | **4–5** | **0–3** |
| Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo<br>Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso<br>Ukukhethwa kwamagama<br>Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi<br><br>**AMAMAKI AYI-12** | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu<br>-Akunamaphutha sanhlobo | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle<br>-Ulwazimagama oluhle<br>-Akunamaphutha | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kunamaphutha ambalwa<br>-Ulwazimagama olusendimeni<br>-Amaphutha awawuphazamisi umqondo | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi<br>-Ulwazimagama olunganele<br>-Umqondo ufiphele | -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kugcwele amaphutha futhi kuyadida<br>-Ulwazimagama aluhambisani nenhloso<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **25–30** | **19–23** | **14–17** | **9–12** | **0–7** |

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q : Okuqukethwe.
- SK: Isakhiwo.
- L : Ulimi.
- ST: Isitayela
- PT: Amaphutha

**OKULINDELEKILE**

**2.1 Incwadi yokukhononda:**

- Amakheli amabili.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isib. (16 kuNdasa 2014/16 Mashi 2014/03.16.2014/16/03/2014)
- Ikheli lobhalelwayo liqala ngesikhundla sakhe esihambisana nekheli eliphelele.
- Isibingelelo.
- Umusho oyinhloko.
- Isigaba sokuqala sethula inhloso yokubhala incwadi.
- Emzimbeni kuyanatshwa kuvele nenhloso yokubhala incwadi.
- Isivaleliso sikhombisa inhlonipho.
- Isivaleliso sihamba negama nesibongo. Isibonelo:

Yimina Ozithobayo
uThemba Dlamini (Mnu)

Okulindelekile: (i) Iyangeniswa.
(ii) Umzimba (ungaba yizigaba ezimbili).
(iii) Isiphetho (makuvele ukuqoqwa kwendaba).
(iv) Inani lamagama kumele lihambisane nemiyalelo enikeziwe.

**2.2 Umlando Ngomufi:**

- Isihloko.
- Imininingwane ngomufi engathinta lawa maphuzu alandelayo:
  - ✓ Umufi uzalwe nini washona nini.
  - ✓ Imvelaphi yakhe.
  - ✓ Imfundo.
  - ✓ Amagalelo akhe emphakathini.
  - ✓ Abashiyile.
  - ✓ Umyalezo wothando omphelezelayo.

**2.3 Isibuyekezo/Irivuyu:**

- Kumele ibe nesihloko.
- Isihloko sencwadi efundiwe.
- Umbhali wencwadi efundiwe.
- Igama labashicileli.
- Itholakala kuziphi izitolo.
- Indaba ngamafuphi.
- Izihlokwana eziqavile encwadini.

2.4 **Inkulumo:**

- Isihloko senkulumo
- Inhloso yenkulumo.
- Akuvele ukuthi inkulumo ilungiselelwe.
- Oyethulayo inkulumo akabingelele, ayingenise aphinde ayiphethe ngendlela efanele.
- Ayicace indikimba yenkulumo.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C:

## AMARUBHRIKHI OKUHLOLA UMBHALO OMUFUSHANE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-20]

| Okungabonwa ngakho | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE & NEFOMATHI**<br><br>Impendulo nemibono<br>Ukuhlela imibono<br>Izimpawu/Izimiso kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI AYI-12** | **10–12**<br>-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile<br>-Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo<br>-Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umbhalo unamathele esihlokweni<br>-Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana<br>-Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile necacile | **8–9**<br>-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Inamathele esihlokweni<br>-Akunamaphutha<br>-Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanele enamaphushana | **6–7**<br>-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ayinamathele kahle esihlokweni – inamaphutha ambalwa<br>-Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa | **4–5**<br>-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha<br>-Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi<br>-Kukhona okumbalwa okubalulekile | **0–3**<br>-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu<br>-Imibono ayilandelani sanhlobo<br>-Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko<br>-Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi |
| **ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA**<br><br>Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo<br>Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso<br>Ukukhethwa kwamagama<br>Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi<br><br>**AMAMAKI AYISI-8** | **7–8**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu<br>-Akunamaphutha sanhlobo | **5–6**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle<br>-Ulwazimagama oluhle<br>-Akunamaphutha | **4**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kunamaphutha ambalwa<br>-Ulwazimagama olusendimeni<br>-Amaphutha awawuphazamisi umqondo | **3**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi<br>-Ulwazimagama olunganele<br>-Umqondo ufiphele | **0–2**<br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kugcwele amaphutha futhi kuyadida<br>-Ulwazimagama aluhambisani nenhloso<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **17–20** | **13–15** | **10–11** | **7–8** | **0–5** |

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q : Okuqukethwe.
- SK : Isakhiwo.
- L : Ulimi.
- ST : Isitayela
- PT : Amaphutha

**<u>OKULINDELEKILE</u>**

**3.1 Ikhadi Lesimemo:**

- Malibe sebhokisini.
- Kuvele ukuthi ngubani omemayo emema bani.
- Obhalayo abhale njengomuntu wesithathu.
- Usuku, isikhathi, indawo umcimbi ozoba kuwo.
- Indlela yokugqoka.
- Okungathunyelwa kuyena izimpendulo.
- Indawo okungathengwa kuyona izipho.

**3.2 Iphosikhadi:**

- Malibhalwe ebhokisini.
- Ikheli lothunyelelwayo, okufanele libhalwe esandleni sokudla phezulu.
- Isibingelo, esingasesandleni sobunxele.
- Umyalezo.
- Isivaleliso (asifakwa isibongo).

3.3 **INKOMBANDLELA**

- Makuvele imigwaqo noma imizila umuntu azoyihamba.
- Kuvele amagama ezindawo umuntu azodlula kuzo.
- Onikeza imiyalelo asebenzise ulimi oluqondile.
- Imiyalelo ize imfikise lapho eya khona

**OKULINDELEKILE MAYELANA NOBUDE NOBUFISHANE BEMIBHALO**

- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 1–5 kuyokwamukeleka.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 6–10 kuyosuswa imaki elilodwa.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 11–15 kuyosuswa amamaki ama–2.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 16 kuya ku–20 kuyosuswa amamaki ama–3.

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha